education

Department:
Education
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE- 12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

JUNI 2020

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-12.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)
   ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
   ISIQEPHU C: Izakhiwo nezimiso zokutshenziswa kolimi (30)

2. PhendulaYONKE imibuzo ekuleli phepha.

3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

4. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

5. Bhala izinombolo njengoba zibhalwe ephepheni lemibuzo.

6. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

7. Qaphela isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
   ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
   ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40

9. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Funda UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

SAFA IZINDLEKO ZOKUPHEPHA

1. Ukuphepha cishe yikho okudla imali eningi esikhathini sanamuhla. Ziya ngokukhula kakhulu izindleko zakho kunoma zehle. Lokhu kuchaza ngokusobala ukuthi izinga lobugebengu liyadlondlobala usuku nosuku ezweni uma kuqhathaniswa nesikhathi sakudala. Umbuzo uthi yiliphi kanti ikhambi eliyosiza ukunqanda lesi sihlava esibi kangaka nesidunga ubumnandi benkululeko yoMzansi ngalolu hlobo? Ngumbuzo-ke onzima lona owehlula imihlangano ngemihlangano yezingcithabuchopho ziwupenapena zizama ukuwuphendula,ungaphenduleki.

2. Sikhule kuvalwa ngonobhadula ivelevele emakhaya, kulalwe ubuthongo behle kamnandi buthi lelele, kuse gelekeqe ngaphandle kokuphazamiseka. Kwakuvala lokho kwakwenzelwa nje ukuba umoya ungafuqi isicabha bese kuvuleka umnyango gengelezi abantu belele. Kwakuvinjelwa futhi nezilwane ukuba zingathuki sezingena ngaphakathi endlini. Okobugebengu, imigilukudu nezinswelaboya kwakungekho nje emiqondweni yabantu ngoba kwakuyinto eyayingavamisile. Umbuzo uthi, ungalinga ukwenze lokho namhlanje? Ngabe ufuna ukubonani? Indlu isuke ingaphelele uma ingakafakwa amasango ezinsimbi eminyango kanjalo nezinsimbi ezigxunyekwa emafasiteleni. Ngaphezu kwalokho uyalidinga i-alamu elizokuluma indlebe uma kukhona odlula eduze kwendlu nozama ukugqekeza ngesikhathi ulele kumbe usathe shelele. Konke lokhu kuyizindleko zokuphepha. Kudla eshisiwe imali le.

3. Umuntu othenga imoto namuhla usuke engakaqedi uma engakacabangi nge-alamu ne-'tracker'. Konke lokhu kumba eqolo. Kwengeza phezu kwemali eshisiwe asuke eseyikhokhele imoto, nayo ayiqongelele kanzima, ebeka isenti phezu kwelinye kuso lesi simo somnotho esibuthaka. Uthini ngomshuwalense wona? Angalinga awushaye indiva? Phinde. Phela lokho kungasho ukuthi uzigwaza ngowakhe. Uyothi webani asabele kuphi uma kwenzeka efika ngolwalu lapha? Uyozithathaphi izindodla zokukhokhela ibhange isikweletu salo, okubi-ke kwamoto leyo sekungumlando ukuthi yake yaba khona? Awukho umgodi wokucasha. Izinselelo zempilo ziyasiphoqa ukuba singene shi ezindlekweni zokuphepha.

4. Ubani owayazi ukuthi onogada bayoba isidingo esingaka ezikoleni? Phela nakuba babeqashwa kulezo ezimbalwa, kwakwenzelwa nje ukuba bagade esangweni, bethuse abafundi abazama ukweqa ikakhulukazi kulezi zikole okufundwa kulalwe kuzona. Eziningi zazingenabo nhlobo onogada kepha wawungeke uzwe nobuncane ubugebengu kuthiwa buke bahlasela esikoleni. Namuhla kunjani? Kungamane kuchaye izinsizakufunda nezinsizakufundisa kepha ibhajethi kanogada ibekwe phambili. Angiphathi uma ike yanyela ezandleni kuleso sikole, kwakhona inkampani enikela ngemishini yobuchwepheshe. Kuthi kuthokozwa, kubongwa intuthuko ngapha kube khona itwetwe, kucatshangwa ngezokuphepha ngoba phela azilali phansi zesaba amazolo. Ngaphandle kokuqiniswa kwezokuphepha, kungasho ukuthi yonke leyo mishini inikelwa ezandleni zamasela. Kuyaphoqa-ke ukuba izivimbakugqekeza zigxunyekwe emafasiteleni naseminyango ngokushesha, ngisho nasophahleni imbala kwesinye isikhathi. Konke lokhu kuyizindleko ezingenakugwemeka. Ngaphandle kwakho, zizosina zizibethele izigebengu.

5. Ingakanani imali esetshenziswa uHulumeni kwezokuphepha? Mangaki amaphoyisa aqashwa minyaka yonke? Ingakanani imali esetshenziselwa ukuthenga izikhali nezinye izinsiza zamaphoyisa? Mingaki imibuthano yokuqeqesha amaphoyisa okudinga uHulumeni ayihlele ukuze aqiniseke ukuthi ahlala ekulungele ukubhekana nezigilamkhuba? Izimoto zona zingaki ezithengwayo ukuze amaphoyisa akwazi ukufinyelela kalula emphakathini? Khona ukuzilungisa nokuzigcina ziphilile kanjalo nophethiloli wazo udla kangakanani? Konke lokhu kumba eqolo. Kugadla kuwo umnotho wethu ovele uyazintengantengela. Siyakudinga ukubumbana, siwelekelele amaphoyisa ukuze siphephe. Ngikholwa ukuthi uma umphakathi ungasebenzisana nawo amaphoyisa, zichaywe izigilamkhuba eziwuphilisa lubhojozi, ubugebengu bungehla kakhulu. Lokhu kungasho ukongeka kwemali enkulu engagcina isisiza wona umphakathi, izimpabanga nezinkedama nazo zinganakekelwa kakhulu, zithole okuya ethunjini.

6. Kukhona imiphakathi okuphoqayo kuyo ukuthi amadoda alale amahora ambalwa ngenxa yezinga lobugebengu. Kuhlelwa abantu abangomakhelwane ngamaqoqo ukuze balekelelane ekugadeni izigebengu ebusuku. Kwezinye izindawo kuqashwa izinkampani zonogada abazimele ukuze ziqaphe indawo yabo ebusuku ngesikhathi belele kanjalo nasemini ngesikhathi besemisebenzini. Lokhu-ke kusho enhle imali ekhokhwa umndeni ngamunye ukuze ihlanganiswe, kukhokhelwe inkampani yonogada. Umbuzo uthi-ke umphakathi uyithathaphi leyo mali njengoba isimo somnotho sikhathele kangaka? Pho kuzothiwani? Akukho ukwenza ngokunye. Kuyaphoqa ukuba kucozulwe kukho lokho okungekho ukuze kube nokuphepha. Zinzima izindleko zokuphepha.

7. Siyalidinga ikhambi lobugebengu ukuze kuxhozeke izindleko zokuphepha emikhakheni ehlukahlukene yempilo. Isizwe siphandela emuva njengenkukhu ngenxa yesihlava sobugebengu. Kumele sibambane sibhekane nayo ngqo impi yobugebengu ukuze umnotho wezwe usimame.

[Umbhalo wokuziqambela]

1.1.1 Yini ecacisa ngokusobala ukuthi ubugebengu buyadlondlobala usuku nosuku ezweni? (1)

1.1.2 Yimuphi lo mbuzo owehlula izingcithabuchopho ukuwuphendula ngokwale ndaba? (1)

1.1.3 Kubaluleke ngani ukufaka i-alamu endlini ngokwale ndaba? (1)

1.1.4 Mehluko muni ngokwesigaba sesi-2 phakathi kwesikhathi sakudala nesanamuhla mayelana nesizathu sokuvala umnyango wendlu uma abantu belele ngaphakathi? (2)

1.1.5 Chaza kafushane izindleko ezibhekana nomuntu othenga imoto ukuze aqiniseke ukuthi iphephile ngokwale ndaba. (3)

1.1.6 Khetha impendulo eyodwa kulezi ozinikeziwe:

Ngamazwi athi ‘angiphathi uma ike yanyela ezandleni kuleso sikole’ atholakala esigabeni sesi-4, umbhali uqonde ukuthi:

A. Uma isikole sike saba nenhlanhla.
B. Uma isikole sike sanyelwa yinyoni.
C. Uma isikole sike sakhalelwa yinyoni.
D. Uma isikole sike sakhiwa kabusha. (1)

1.1.7 Ukufakwa kwezinsimbi nasophahleni lwendlu kungagcinwa ngamafasitela neminyango nje kuphela kuveza siphi isithombe ngomphakathi wakuleyo ndawo? (2)

1.1.8 Chaza umqondo oqukethwe amazwi atholakala emishweni eyisi-6 yokuqala esigabeni sesi-5 sale ndaba mayelana nobugebengu. (3)

1.1.9 Ucabanga ukuthi kungani umbhali enesiqiniseko sokuthi uma umphakathi ungasebenzisana namaphoyisa ubugebengu bungehla? (2)

1.1.10 Uyavumelana yini nokuthi kufanele kube amadoda kuphela agada ubugebengu ebusuku njengoba kwenzeka kweminye imiphakathi ngokwesigaba sesi-6? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.11 Phawula ngokusetshenziswa kwamazwi adwetshelwe esigabeni sesi-7 kulesi siqephu. (2)

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)

ISITHOMBE SOKU-1

ISITHOMBE SESI-2

ISITHOMBE SESI-3

[Izithombe zithathwe kwi-inthanethi]

1.2.1 Yimaphi kula maphoyisa asesithombeni soku-1 okubonakala kungaba lula ukuba asheshe azibone izigebengu zisekude. Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.2 Chaza kafushane ukuthi ziqiniswe kangakanani ezokuphepha kuleli bhilidi elisesithombeni sesi-2. (2)

1.2.3 Qhathanisa okwenzeka esithombeni sesi-3 kuMBHALO B nomqondo oqukethwe yisigaba sesi-2 esikuMBHALO A mayelana nezokuphepha. (4)

1.2.4 Phawula ngempumelelo yomhleli walezi zithombe ukugqamisa indikimba yokubaluleka kokuphepha emphakathini. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINQGA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nokwenziwa isizwe samaZulu ukuqhakambisa ubuntu.

IMIYALELO:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana **nokwenziwa isizwe samaZulu ukuqhakambisa Ubuntu** ngamagama akho angedluli kwangama-80.
2. Fingqa ngesigaba esiqukethe amaphuzu ayisi-7.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C

OKWENZIWA ISIZWE SAMAZULU UKUQHAKAMBISA UBUNTU

Isizwe samaZulu sidume ngokwazisana nangokuthandana kakhulu. Lokhu kugqame bha ezithakazelweni. Bheka nje abantu bakwaKunene nabakwaMadonsela abaganiselani noShongwe. Ingani phela bonke bangoMntimande, Mbambolunye. Ungafunga ukuthi bavundle esiswini sinye ngendlela abathandana ngayo kanti ushaye phansi kwashunqa uthuli. Abantu balezi zibongo bayazisana kakhulu. Bayahambelana uma kukhona okuhle noma okubi okuvelile, basiselane imfuyo, angisayiphathi-ke eyokwabelana uma kukhona oshadelwayo.

Kunele kuzwakale umbiko wokuthi emzini othile sekuvele isifo noma kwehle umshophi othile, abantu batheleke bevela kuzo zonke izinkalo bezokhalisana, bahlanganise amehlo nalowo mndeni. Indaba yokuthi kuyoze kulindwe abozalo ukuthi bafike kuqala ayingenwa nhlobo. Akekho futhi obuza ukuthi njengoba uzosikhalisa nje utshelwe ngubani nokuthi ungowakwabani-ke wena. Abantu bathathwa njengezihlobo uma sebesemzini womnumzane. Akekho obakhipha inyumbazane.

Izimemo zomshado azikhethi amabala. Umshado uyamenyezelwa nje, kumenywe wonke umuntu ngoba phela umshado ngowesigodi sonke hhayi lowo muzi kuphela. Uze uzwe abantu bezincokelela besho ngeqholo ukuthi bazofikelwa umlobokazi. Wena ongazi ungacabanga ukuthi umuntu ukhuluma ngomshado wasendlini kwabo noma egcekeni kubo kanti cha usho umshado wesigodi.

Kuthi kungonakele lutho nje umnumzane wekhaya avele agaye utshwala, aginqe inkunzi, kufinywe ngendololwane, kubuswe, kube njeya. Okumjabulisayo umnumzane womuzi ukubona abantu beneme, kuxokozela emzini wakhe. Abanye baze babhanselwe nangomngenandlini. Nangakusasa bazobuya futhi njalo bezolanda izigqoko, akekho ozobabuza ipasi nesipesheli.

AmaZulu ayisizwe esikwazisayo ukuvakashelana nokubuzana impilo ngisho kungonakele lutho. Uzwa umuntu esethi nje sikhulekile ekhaya, amukelwe kahle ngabakulowo muzi. Uma sesamukelwe isivakashi ekhaya, asibuzwa ukuthi sizohamba nini kepha siphathwa kahle sihlale sinethezeke. Ngisho ngabe kulowo muzi ikati lilele eziko, sizodla lokho okukhona. Kuyichilo elikhulu uma umuzi womnumzane waziwa ngokuthi kukwadlula wafa.

Umuntu usuka endaweni yakubo alibangise emadolobheni amakhulu eyofuna umsebenzi, afikele emzini angahlobene nhlobo nawo. Uthole ukuthi lowo muzi uwazi ngoba ubaba wakhona mhlawumpe wayesebenza noyise eminyakeni edlule. Uyaqala ngqa nokulubhada kwakhona endaweni yaseGoli. Uma esefikile uphathiswa okweqanda aze asizwe nangokuyalelwa lapho kufeswa khona. Uma ebhekwe yisambane ematohweni, ngeke axoshwe, uzohlala nje anethezeke aze awuthole umsebenzi.

Uthola izingane zomakhelwane zihlangene ndawonye, zidlala imidlalo enhlobonhlobo emgwaqeni ngaphandle kokubandlululana. Kule midlalo singabala ushumpu, ibhola lezinyawo, umagalobha, ingqathu kanye neminye enhlobonhlobo. Impi nokuklolodelana kuba yindlala kepha kwande ukuzwana nokudlalisana okunokuthula. Lezi zingane zikhula zazisana, zihloniphana futhi zithathana njengabafowabo nodadewabo.

[Umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



Awunawo uMPOMPI?
Nansi indlela entsha **YOKUGEZA** izandla!!!
Vikela umndeni wakho nabathandiweyo **kuCORONA**
Geza izandla ngokukhululeka nge TIPPY TAP yodumo.
iTIPPY TAP eyokuqala ngqa emhlabeni jikelele.
Sifika qathatha kwakho sikuxhumele ngehora elilodwa VO ngamanani aphansi. Ngenkulungwane eyodwa nje kuphela yamaRandi iTIPPY TAP ingeyakho.

Xhumana nathi ku-031 2778900 noma Vakashela ku www.tippy ***tap.co.za***

[umdwebo owenziwe uW. Xaba]

3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi? (1)

3.2 Chaza kafushane ukuthi yakhiwa kanjani i-tippy tap njengoba kukhonjiswe esithombeni. (3)

3.3 Sebenzisa ELINYE igama elimqondofana naleli elidwetshelwe emshweni ozakhele wona. (2)

3.4 Yini inhloso yokubhala amanye amagama ngosonhlamvukazi kulesi sikhangisi. Bhala kube kubili. (2)

3.5 Phawula ngokusetshenziswa kolimi olunxenxayo/ oluhehayo kulesi sikhangisi. (2)
[10]

UMBUZO 4: UKUHLAZIYA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo. Qaphela uhlobo lwefonti.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Icashunwe ku-inthanethi yase ihunyushwa]

4.1 Yimaphi amazwi akhombisa umyalelo efreyimini yokuqala? (1)

4.2 Qhathanisa okwenzeka efreyimini yesi-2 nakweyesi-4. (3)

4.3 Khetha impendulo eyodwa kwezilandelayo:

Amazwi asefreyimini yesi-5 aqukethe muphi umuzwa?

A. Umuzwa wokuncenga.
B. Umuzwa wokuxolisa.
C. Umuzwa wokubalisa.
D. Umuzwa wokukloloda. (1)

4.4 Ucabanga ukuthi ubani phakathi kwenja nomfana ofanelwe yila mazwi asefreyimini yesi-6? Sekela impendulo yakho. (3)

4.5 Phawula ngengozi ebingavelela umfana nenja kumbe abantu abaseceleni. (2)
[10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo:

UMBHALO F (OFUNDWAYO)

KUNEMPILO UKUDLA KWEMVELO

Ukudla kwanamuhla kunomthelela omkhulu ezifweni eziningi ezihlupha abantu. **Iningi** lakho likhuthazwa umanyolo. Nalapho sekuphekwa kufakwa izithako eziningi ukuze kube mnandi. Ngicabanga ukuthi kulapho-ke esilimala khona. Uma umndeni ngamunye ungadla umgxabhiso ungasizakala.

Endulo kwakutshalwa ngomquba nje kuphela, amathanga ahlanze emasim**ini**, izintanga zenabe kube njeya, kuphekwe isijingi nesijabane sibondwe, iphini libekwe ngaphezulu. Izindlubu eziphekwa zisemanzi, zingakomi zona-ke, uthini ngazo? Kwakushaywa esentwala ngaphandle kwezithako nokalakateni banamuhla.

Uma umuntu ekhala ngezifo ngivele ngithi kuye, "Siza ngane yakwethu wehlukane nalezi zithako ezifakwa ekudleni namuhla." Umalumekazi waze wedlula emhlabeni **engenankinga** yezifo ezihlupha izalukazi namuhla ngenxa yokuthi wayedla ukudla kwemvelo kuphela.

Asiqinise ezitshalweni. Sizowubona umehluko wempilo.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1 Msebenzi muni owenziwa igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni woku-1 emshweni? (1)

5.2 Tomula umusho onesibonelo sebizoqoqa esigabeni soku-1 bese uyalidwebela. (1)

5.3 Shono ukuthi isakhi esibhalwe ngokugqamile egameni elisemgqeni wesi-5 siqukethe mqondo muni. (1)

5.4 Nikeza igama elimqondofana naleli elidwetshelwe emgqeni wesi-6. Phinda ulisebenzise leli gama emshweni ozakhele wona ukuze kuvele ukuthi uyayazi incazelo yalo. (2)

5.5 Khetha impendulo eyodwa kwezilandelayo.

Isimo sokukhuluma esidwetshelwe emgqeni wesi-8 sichaza ….

A. Ukulamba.
B. Ukunganeli.
C. Ukusutha.
D. Ukuphinda (1)

5.6 Nikeza umuzwa oqukethwe amagama adwetshelwe emgqeni we-10. (1)

5.7 Isilandiso esibhalwe ngokugqamile emgqeni we-12 sikuyiphi indlela? (1)

5.8 Hlanganisa le misho emibili edwetshelwe emgqeni we-14 ukuze kwakheke umusho owodwa omagatsha/ omagatshagatsha. (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30

AMAMAKI ESEWONKE: 70